

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2022

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-14.

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:

- Ohlolwayo akufanele aphenhule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

ISIQEPHU A: UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IZINDABA**QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniiswe ngamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi & isitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu, ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenihla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenihla noma engezansi.

ISIQEPHU A: AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE & UKUHLOLA (Izimpendulo kanye nemibono) Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo AMAMAKI ANGAMA-30	Ingxenye engenihla	28–30	22–24	16–18	10–12	4–6
		-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoinco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono eshaya emhloveni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyanelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nokungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali, kunokuphindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingxenye engezansi	25–27	19–21	13–15	7–9	0–3
		-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo enembayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA [AMAMAKI ANGAMA-50] (kuyaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama luyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi AMAMAKI AYI-15	Ingxenywe engenhlala	14–15 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha nhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	11–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha amaningi ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	0–3 -Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
	Ingxenywe engezansi	13 -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	10 -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	7 -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	4 -Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho AMAMAKI AYISI-5		5 -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	4 -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukulandelana -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	3 -Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	2 -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	0–1 -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha
- HL: Ukuhlela

Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

- QHL = 30
- LSP = 15
- SK = 05

Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungamukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungamukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engamukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi umqondo.

ISIV. – isivumelwano esingavumelani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

/ – ukwehlukanisa amagama

() – ukuhlanganisa amagama

PP – ukuphindaphinda amagama

OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)

- Isingeniso: Siyaheha, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba.
- Umzimba:
 - Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - Izigaba zihleleke kahle/umqondo osekelayo.
 - Umbhalo nombhalo mawuhambelane nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - Siyisigaba esisodwa.
 - Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
 - Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa/ukuphosa inselelo.

QAPHELA: Kweqiwa umugqa owodwa phakathi kwezigaba.

OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**1.1 Ngasizwa Ukungavumi.**

- Elandisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Bhala ngenkathi edlule.
 - Kwakunini, kuphi?
 - Yini okwakuthiwa yenze?
 - Landisa ucacise ukuthi kwakusiza kanjani.
 - Uthini umyalezo ongawudlulisela kwabanye?
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- (Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]**1.2 Izinto Abantu Abangazazi Ngami.**

- Echazayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Chaza ukuthi ungumuntu onjani.
 - Chaza izinto abantu abangazazi/abangazaziyo ngawe.
 - Akha izithombemagama.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- (Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]**1.3 Ungambukeli Omunye Umuntu Phansi.**

- Eningayo/Ecabangisisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Isingeniso asihlaziye isihloko.
 - Yeneka imibono nemizwa yakho ngesihloko.
 - Chaza kucace ukuthi kungani kufanele ungambukeli phansi omunye umuntu.
 - Yini imiphumela yokubukela omunye umuntu phansi?
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- (Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]

1.4 Ubuhle Nobubi Bokuba Yingane Ezelwe Iyodwa Kubo.

- Eqhathanisayo.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Veza amaphuzu aqhathanisayo.

Ubuhle:

- Amaphuzu akaveze ubuhle kanye nobufakazi obesekelayo.

Ububi:

- Amaphuzu akaveze ububi kanye nobufakazi obesekelayo.

Ukuphetha: ukugoqa kanye nezincomo.
(Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]**1.5 Izingane Ezifunda Ezikoleni Ezinobulili Obuxubile Zifunda Kangcono Yini Kunezinobulili Obufanayo?**

- Edaza Inkani.

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isingeniso masiveze uhlangothi ovumelana nalo (ukuvumelana noma ukuphikisana).

Amaphuzu avumelana noma aphikisana nesihloko:

- Yethula amaphuzu adaza inkani.
- Isigaba nesigaba asigqamise iphuzu elihamba phambili bese wenaba ngalo.

(Nokunye okuhambisana nesihloko.)

[50]**1.6 Isithombe****Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
 - Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
 - Indaba ayinamathele esihlokweni.
- Isibonelo: Impilo Isezandleni Zami.

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe.

[50]

1.7 Isithombe**Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

Isibonelo: Uthando.

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe.**[50]****1.8 Isithombe****Nikeza indaba isihloko esiyifanele.**

Izihloko ziyokwehluka:

Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo:

- Ungabhala ngenkathi exubile.
- Isihloko masihambisane nokuqukethwe isithombe.
- Indaba ayinamathele esihlokweni.

Isibonelo: Ulaka Lwabashayeli Emgwaqweni.

QAPHELA: Amaphuzu angehluka kuye ngesihloko esibhaliwe.**[50]****AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
[AMAMAKI ANGAMA-30]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO Impendulo kanye nemibono Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-18	15–18 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile	11–14 -Impendulo efanelekile ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Inamathele esihlokweni -Akukho ukunhlanhlatha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana	8–10 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Ayinamathele kahle esihlokweni -Kunokunhlanhlatha okuncane. -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	5–7 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Ukunamathela esihlokweni kuyabonakala kodwa kunokunhlanhlatha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okuncane kakhulu okusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yesakhiwo -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–4 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhala -Umqondo ufiphele ngenxa yokunhlanhlatha okukhulu. -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okungenelisi okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-12	10–12 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo.	8–9 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle kakhulu -Akunamaphutha amaningi	6–7 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa ohlelo -Ulwazimagama olwanele -Amaphutha awawuphazamisi umqondo.	4–5 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele.	0–3 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu

Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba:

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha

Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

- QSK = 18
- LSP = 12

OKULINDELEKILE:**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli lobhalayo malibe sesandleni sokudla lihambisane nosuku olugcwele, Isib. (15 Lwezi 2022/15 Novemba 2022).
- Obhalelwayo makabingelelwe ngolimi olukhombisa ubuhlobo: Isib. Gogo/isithakazelo.
- **Isingeniso:** Isigaba esifushane: umfundi akakhombise ukuthi bayazana nogogo wakhe.
- **Umzimba:** Isigaba sesibili: umfundi akabhale izizathu ezimenze wabhala incwadi.
- Isigaba sesithathu, umfundi akenabe ngalokhu abhale ngakho esigabeni sesibili.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- **Isiphetho:** Isigaba sokugcina esifushane: akakhonze abonge noma adlulise umyalezo.
- **Isivaleliso** masikhombise ubuhlobo: Yimina umzukulu wakho uMzuvela

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

2.2 UKUBUYEKEZA/ISIBUYEKEZO

- Igama lebhuku.
- Igama lombhali.
- Igama lomshicileli/labashicileli.
- Unyaka eyashicilelwa ngayo.
- Incwadi ngamafuphi.
- Izincomo (okuhle nokubi ngebhuku).
- Uvo lwakho njengomfundi webhuku.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Kumele kube nalezi zihlokwana ezilandelayo:

I-Ajenda

- Izihloko ze-Ajenda:
 - Usuku.
 - Isikhathi.
 - Indawo.
 - Ukuvula nokwamukela.
 - Abakhona.
 - Abaxolisile nabangekho.
 - Ukufundwa kwamaminithi.
 - Ezivuka emaminithini.
 - Ezintsha/ezosuku.
 - Amaphuzu abazokhuluma ngawo.
 - Izingumo/Izincomo.
 - Ezejwayelekile/Ezixubile.
 - Ukuvala.

Amaminithi Omhlangano.

- Awabhalwe abe senkathini edlule.
- Awabhalwe alandele uhlu lwezihloko eziku-ajenda.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- Okulindelekile: Isibonelo:

Isihloko:	Umhlangano Wesigungu Sabafundi.
Usuku:	23 Lwezi 2022.
Isikhathi:	Ngehora le-14:30 ntambama.
Indawo:	Ehholo lesikole.
Ukuvula:	Umphathi wesigungu sabafundi wavula umhlangano wamukela bonke abafundi.
Abakhona:	Amalunga onke ekomidi.
Abaxolisile nabangekho:	Abekho.
Ukufundwa kwamaminithi:	Afundwa nguNobhala.
Ezivuka emaminithini:	Azikho.
Ezintsha/ezosuku:	- Inkinga yensangu esikoleni. - Iqhaza elizobanjwa yisigungu sabafundi.
Izingumo/Izincomo:	- Ukuqinisa ezokuphepha. - Ukungenelela kwabomthetho ukusesha abafundi.
Ezizwayelekile/Ezixubile:	- Ukuhlukumezana kwabafundi. - Ukudla okudayiswa esikoleni.
Ukuvala:	USihlalo wenza izaziso wase evala umhlangano ngehora le-15:30.

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

2.4 INHLOLOKHONO/I-INTHAVYU

- Bhala ngenkathi efanele.
- Isethulo (Bhala ukuthi ubani,ukhuluma nobani nokuthi bakuphi)?
- Sebenzisa izimpawu ezifanele.
- Bhala amagama abakhulumayo esandleni sokunxele.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- **Isingeniso:** Ukubingelelana nokwethula isihloko.
- **Umzimba:** UMnu.Zondi (CEO) kanye noDkt. Kubheka (imenenja) mababuze imibuzo bese uZethu ephendula.
- **Isiphetho:** Ukugqwa kwenhlokhono bese bevalelisana kahle.

Amagama awabe inani elifanele.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

**ISIQEPHU C: AMARUBHRIKI OKUHLOLA UMBHALO OMFISHANE ODLULISA UMYALEZO: ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
[AMAMAKI ANGAMA-20]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Okunganelisi
OKUQUKETHWE, UKUHLELA NESAKHIWO Impendulo nemibono Ukudidiyelwa kwemibono ngenhloso yokuhlela Izimpawu/Izimiso kanye nesimo	10–12 -Impendulo enemibono ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandela -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Isakhiwo esifanele nesicacile	8–9 -Impendulo efanelekile ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Akukho ukunhlanhlatha -Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Isakhiwo esifanele esinamaphushana	6–7 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ayinamathele kahle esihlokweni -Kunokunhlanhlatha okuncane -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Isakhiwo esifanelekile kodwa esinamaphutha ambalwa	4–5 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunokunhlanhlatha -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise imithetho yesakhiwo ngokungafanele -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–3 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo ufiphele ngenxa yokunhlanhlatha okukhulu -Imibono ayilandelani nhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yesakhiwo
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha nhlobo	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Akunamaphutha amaningi.	4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	3 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo ufiphele	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo awucacile neze
AMAMAKI AYISI-8					

Amakhodi okuqopha amamaki kulesi sigaba:

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha

Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:

- QSK = 12
- LSP = 08

OKULINDELEKILE:**3.1 IFLAYA**

- Kumele ibe nesihloko noma ilogo ekhangayo.
- Kumele ikhulume ngqo noyifundayo.
- Kumele ibhalwe ngolimi olufingqayo.
- Kumele okudayiswayo kuchazwe ngamafuphi.
- Ulwazi mayelana nokuthi:
 - Batholakala kuphi?
 - Batholakala kanjani?
 - Abanikazi bebhizinisi.
 - Indlela yokubathinta isib. iwebhusayidi, ikheli, izingcingo nokunye.

Amagama awabe inani elifanele.

[20]

3.2 UMYALEZO OMFISHANE (WhatsApp)

- Bhala usuku, isikhathi kanye nelanga.
- Akuvele igama lomuntu obhalayo.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokuqala.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- Sebenzisa ulimi olukhululekile olusetshenziswa ku-WhatsApp.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni. (uBanathi uphendula umyalezo kaZakhele.)
- Bhala inombolo noma igama lothumele umyalezo.

Amagama awabe inani elifanele.

[20]

3.3 IMIYALELO

- Isihloko masigqamise izinto azozinga efulethini.
- Nakhu okumele ukuthenge:
 - amakhethini.
 - umbhede neleneni yawo.
 - ideskhi/itafula elincane lokufundela.
 - ilambu lokutadisha.
 - isitofu, amabhodwe, amapuleti, isiqandisi/ifriji, iketela, i-ayina, izipuni, izinkomishi namoso.

(Nokunye okunembayo okuhambisana nezinto azozidinga ezilingene yena)

Amagama awabe inani elifanele.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100